



education

Department:
Education
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

Amajuba District

UKUHLOLA OKUYISISEKELO

2025

IBANGA LESI -9

IKHONO: UKUFUNDA NOKUBUKELA

USUKU: 15/01/2025 (ULwesithathu)

ISIKHATHU: IHORA ELILODWA

Funda ngokugondisisa indaba elandelayo bese uphendula imibuza elandelayo.

I -DURBAN JULY

I —Durban July wusuku lomjaho wamahhashi owaqala kudala eminyakeni ye-1800.Lo mjaho uhlonishwa kakhulu emhlabeni wonke.Lokhu kwenza izwe laseNingizimu Afrika libe phambili uma kuqhathaniswa imincintiswano yemijaho yamahhashi enjengoKentucky Derby no-English Derby. Lo mjaho uba sesiFundazweni sakwaZulu-Natali edolobheni laseThekwini.Wenzelwa e-Greyville Racecourse ngoba inkundla yakhona yinhle futhi ivumela amahhashi ukuba agijime ngokukhululeka.

i-Durban July yenziwa Kanye ngonyaka, ngenyanga kaJulayi ngoMgqibelo wokuqala ngoba kusuke kuyisikhathi sasebusika.Umjaho wokuqala wabizwa ngokuthi yi-Durban winter Handicap,waba ngonyaka we-1897.Ngaleso sikhathi amahhashi ayegijima ibanga elingama-1600m. Ihhashi elawina ngalowo nyaka kwakunguCampanajo.Emva kweminyaka engama-31, ngonyaka we-1928 igama lomjaho lashintshwa kwathiwa yi-Durban July Handicap,waqala manje lomjaho wadinga imali eningi.Ngonyaka we-1963,inkampani yakwaRothmans edayisa ugwayi udayisa ugwayi uyawuxhasa/yaweseka lo mjaho.

Igama lase liyashintsha wabizwa nge-Rothmans July Handicap.Ibanga eligijinywa amahhashi nalo lashintsha laba ngama-2200m.Igama elithi Rothmans July lahlala isikhathi eside laze lashitshwa lapho kuguqulwa imithetho yokukhangiswa kukagwayi. Ngonyaka we-1989 abanikazi benkampani kagwayi babona ukuthi kugcono bahoxe/bayeke ukweseka lomjaho ngemali. Kwaba nzima ngoba base beweseke iminyaka engama-38.

Kusukela ngonyaka wezi-2000 kwangena abaxhasi abasha benkampani yakwa —Vodacom bezoxhasa lomjaho,Lase igama ,lishintshwa-ke nalo labizwa ngeVodacom Durban July.Amagama noma eshintsha kodwa isikhathi nosuku lwayo mjaho akushintshanga.Ngonyaka wezi-2004 iNingizimu Afrika yayigubha iminyaka eyi-10 yathola umbuso wentando yeningi(democracy).Lokhu kwakuyingqayizivele ezweni lonke. Inkampani yakwa-Vodacom nayo yenza izindwangu ezinemibala yefulegi laseNingizimu Afrika.Lezi zindwangu zazizobekwa ezihlalweni zawo wonke amahhashi ayezobe egijima ngalowo nyaka.Isimanga esenzeka ukuthi ihhashi elaphuma phambili emjahweni ornkhulu lalinenombolo ye-10, u-Greys Inn.ngonyaka wesi-2010 awubanga khona lo mjaho ngoba izwe laseNingizimu Afrika lalisingethe (hosting) imidlalo yeNdebe yoMhlaba.

Ukudlala amahhashi akudingi ulwazi olukhulu kakhulu.Umuntu uzikhethele ihhashi abona ukuthi lizowina. Ungakhetha emijahweni oyithandayo nesibalo esithandayo samahhashi.Imijaho iba yi12

ngalolu suku kodwa okuyiwona omkhulu owesi-7.Imiklomelo yemali nayo ihlukene. Kunabantu osekwabangena egazini ukubhethela (bat) amahhashi.Abantu abadlala amahhashi babizwa ngokuthi ngamaphanta kanti abawagibelayo bona ojokhi.Ihhashi elibhethelwe kakhulu kuthiwa imfivilithi(favorite).imijaho ihlukaniswa imizuzu engama-35 kuya kwengama-45.

Ngaphandle komjaho wamahhashi kuningi okwenziwayo ngalolu suku. IJMnyango wezoKuvakasha (Department of Tourism) sewaluthatha 10111 suku kwaba olokuthuthukisa abathungi (Fashion designer) nabakhangisi bemfashini/bengqephu abasaqalayo, Abathungi baqala amalungiselelo ngenyanga ka-Ephreli ngokuthumela izicelo zokuthumela izicelo zokungenela 10 mncintiswano/mqhudelwano. Ekuseni ngaphambinkomjaho wokuqala kuba khona umncintiswano wemfashini.Kubhekwa ukuthi yimuphi umthungi obashaye emakhanda ngokulandela i-theme yangalowo nyaka.Osaziwayo bemfashini babamba iqhaza clikhulu ngoba yibona abakhangisa kakhulu ngengqephu ehlukeneyasezweni laseNingizumu Afrika. Konke abakugqokile kuhambisana nezigqoko ezinhlobonhlobo.

Kulo mjaho kusizakala nosomabhizinizi abancane. Bahlobisa amatende abo kube sengathi amahhostela aphambili. Lapha kubhekwa ukuthi yiliphi itende elihle kunawo wonke bese lithola umklomelo (prize). Ayikho inhlobo yeziphuzo nokudla esuke ingekho kula matende. Kuba khona abaculi Kanye no-DJ abahlukene. ukungena kula matende kukhetha iphela emasini ngoba kufanele ube nemali yokuthenga ithikithi elisuke libiza imali enkulu. Osaziwayo abaphezulu banikwa amathikithi mahhala ukuze kukhuphuke izinga lalalelo tendele. Abantu basuke bengamapigogo uqobo.Akekho osuke ezibeke phansi ngengqephu.Abangenamali yokuthenga amathikithi okuhlala kula matende bethenga amathikithi okuhlala ezitebhisini zenkundla yokubuka amahhashi noma otshanini

Imibuzo

1. Waqala ngamuphi unyaka umjaho wamahhashi
2. Wenziwa ngaluphi usuku nenyanga lo mjaho? .
3. Bhala amagama AMABILI emijaho esike yaginjiwa eGreyville Racecourse.
4. Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe.

Umthungi obashaye emakhanda kusho.....

- A. Othunge ingubo nesigqoko.
- B. Oggokisa osaziwayo.
- C. Ophume phambili
- D. Oswenke kakhulu.

5. Bhala okufanayo phakathi kwehhashi u Campanajo no-Greys Inn,
6. Ngaphandle komjaho wama hhashi yikuphi okunye okwenziwayo ngalolu suku lomjaho? Bhala OKUBILI.
7. Tomula umusho esigabeni sesi-7 ositshela ukuthi abantu bathanda ukubukwa.
8. Kwaba nomthelela muni ukuguqulwa kwemithetho yezikhangisi zikagwayi .
9. Chaza lezizimo zokukhuluma ezilandelayo njengoba zisetshenziswe endabeni.
- A. Lokhu kwakuyingqayizivele ezweni lonke.
- B. Ukungena kulamathende kukhetha iphela emasini
10. Uyavumelana yini nokuthi uma lo mjaho ungaphela isimo somnotho saseningizimu afrika singehla? sekela impendulo yakho ngokubhekisa endabeni.

IKHONO: UKUFUNDA NOKUBUKELA(UMBHALO OBUKWAYO)

USUKU: 16/01/2025 (ULwesine)

ISIKHATHI : IHORA ELILODWA

Bukisisa lezi zithombe ezingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

1



2



[zithathwe ku-inthanethi]

2. Chaza imbangela yalokhu okwenzeka esithombeni sesi-2.

3. Qhathanisa okufanayo okuqukethwe yisigaba sesi-3 esikuMBHALO A kanye nesithombe soku-1 esikuMBHALO B.

4. Ucabanga ukuthi yini isiphetho salokho okwenzeka esithombeni sesi-2.

KANYE

1. Fingqa lesi sigaba esikhuluma ngezinyathelo okumele uzithathe uma uvula ibhizinisi usebenzise amagama akho angeqile kwangama-70-80.
2. Fingqa ngesigaba.
3. Ungabe usasibhala isihloko uma usufingqa lesi siqeshana.

IZINYATHELO OKUMELE UZITHATHE UMA UVULA IBHIZINISI

Ziningi izinto okumele uziqaphele uma uvula ibhizinisi. Bhala uhlaka lwebhizinisi olucacisa indlela ozosebenza ngayo. Lokhu kungenziwa yinoma ubani ofisa ukungena emkhakheni wezamazibhizinisi. Kungaba abantu abanemfundo yeziqo noma abangenayo kepha abakhuthele nabazimiselayo.

Thola ukuqeqeshwa ngabantu abanolwazi olunzulu ohlobeni lwebhizinisi olukhethile, ungakwenza lokho ukuqeqeshwa ngabantu abanolwazi olunzulu ohlobeni lwebhizinisi olukhethile. Ungakwenza lokho ngokuthola ukuqeqeshwa okumakhala ezikhungweni ezithile ezixhaswe nguHulumeni. Lokhu kusiza ekutheni ungasebenzeli emuva esikhundleni sokwenza inzuzo.

Yiba nendawo ozosebenzela kuyo. Kuhle ukuthola izeluleko ngokumele ukuqaphele uma ukhetha indawo yokusebenzela. Indawo oyikhethayo makube efanele amakhasimende akho nohlobo lwebhizinisi olukhethile futhi kufinyeleleke kuyo kalula. Le ndawo kungaba eyasemakhaya noma edolobheni kuzoya ngohlobo lwebhizinisi lakho.

Boleka imali ozokwazi ukuyikhokha njalo ngenyanga ngaphandle kwengcindezi. Kungaba izikhungo zikaHulumeni noma zezinkampani ezizimele njengamabhange. Uxhaso lwemali ungaluthola ezikhungweni ezahlukahlukeni kodwa kube ngezisemthethweni.

Khetha ibhizinisi oloyinhlobo esezinhleni zamabhizinisi akuleli. Kulezo zinhlobo singabala ukuba nguzimele geqe, ukusebenza nomunye umuntu, ukusebenza niyisigungu somfelandawonye kanye nokuba nenkampani enamasheya avuleleke ukuthengwa yinoma ubani.

Bhalisa igama ibhizinisi lakho elizokwaziwa ngalo. Kufanele ube nohlu lwamagama ama-3 kuya kwama-5. La magama mawabizeke, akhumbuleke kalula futhi agqamise nomkhqizo. Kula magama kuye kukhethwe igama elilodwa. Lelo gama liyobe selibuya selihamba nenombolo yebhizinisi.

Bhalisa emahhovisi okukhokhwa kwentela abizwa ngokuthi ikwa-SARS ukuze uthole isitifiketi sentela esinenombolo yentela. Le nombolo yentela iqondene nebhizinisi lakho uma selithola inzuzo emva kwemisebenzi osuke uyenzile. Kuphoqelekele ukukhokha intela minyaka yonke. Leyo ntela uHulumeni uyisebenzisa ukuthuthukisa izwe lethu.

[Sithathwe kwi-inthanethi, saphinde sahlukishwa]

IKHONO: ISAKHIWO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI ENGQIKITHINI

USUKU: 17/01/2025 (ULwesihlanu)

ISIKHATHI: IHORA ELILODWA

Funda isikhangisi esilandelayoukuze uphendule imibuzo elandelayo

UMHLABA OMUSHA REHAB

SINGABANQOBI BAKHO KONKE!

AKUKHO OKUNGAKUVIMBA UKUQALA IMPILO YAKHO KABUSHA.

Woza ekhaya elisiza bonke asebelahlekelwe yithemba.

Siguqula impilo yabantu abanalezi zinkinga:

- Abahlukumezekile emzimbeni nasemqondweni.
- Asebeyizigqila zezidakamizwa.
- Abangasakwazi ukuphuma otshwaleni.
- Abanokhwantalala (stress) kwezomnotho.



Sinodokotela abangochwepheshe kuyo yonke imikhakha.
Sikulungiselela indawo yokuhlala uze ube ngcono.
Uthola ithuba lokuxoxa nabanye abanenkinga efana neyakho.

Siyawathatha amakhadi **e-medical aid.**
Siyakuvumela ukhokhe **izinyanga eziyi-6.**

418 Zerus Court, Heavenly Road, Richards Bay, 3875.
079 222 430

[Umbhalo wokuziqambela]

1. Kukhangiswa ini kulesi sikhangisi?
2. Nikeza izinkinga ezimbili ezixazululwa kule Rehab.
3. Tomula umusho ophelele ositshela ukuthi abantu Abelaphayo kule Rehab bawufundele umsebenzi wabo.
4. Iyiphi indlela esetshenziswe umbhali ukuheha labo abadinga lwe-Rehab?
5. Iyini inhloso yombhali yokuveza isithombe sabantu ababambene ngezandla kulesi sikhangisi?

1.6 Uyavumelana nombhali walesi sikhangisi ukuthi bonke abantu asebebuya kolashwa eRehab bayaziyeke izidakamizwa? Sekela impendulo yakho.

KANYE

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Intsha iphume ngobuningi bayo iya ekhonsathini ebizwa nge-Tonga Beach Festival. Le Khonsathi ibihlanganise abaculi abadumile. Bekukhona osomahlanya, iMeya yendawo kanye namaphoyisa. Osomahlanya nabaculi bebeshiyelana isiteji. Umphathi wohlelo ubamukele ngesasasa bonke abantu. Intsha ibiziphathele ukudla neziphuzo zayo. Abaculi bacele intsha ukuthi iziphathe kahle. Intsha izithandela ukudansa nobumnandi. Izihlwele zimemeze kwaduma inkundla ngenkathi kungena iDestruction Boys. Umphathi wohlelo uthe abantu abehlise umsindo ukuze bezwe iculo. Abaculi baphisane ngezikibha zikaKhisimusi. IMeya ithe **isibonelo** esihle lesi abasenzayo. Abaculi bafuna ukukhangisa ngomculo wabo. Amaphoyisa abe nomsebenzi onzima ukuvimba abantu abebegibela isiteji. Le khonsathi ikhuphule isimo somnotho endaweni yaso-Tonga.

[umbhalo wokuziqambela]

7. Tomula ibizoqoqa elisesiqeshini esingenhla.

8. Guqula umusho odwetselwe esiqeshini esingenhla ube sebunyeni.

9. Hlanganisa le misho elandelayo ngesihlanganiso esifanele ibe umusho owodwa:

Abaculi baphisane ngezikibha zikakhisimusi
Abaculi bafuna ukukhangisa ngomculo wabo.

10. Khetha impendulo enembayo kulezi ozinikeziwe.

Intsha ithanda **ukudansa** kakhulu.

- A- Indlela yenhloso.
- B- Indlela eyamile.
- C- Indlela esabizo.
- D- Indlela ephoqayo.

11. Hlahlela leli bizo: **iculo** uveze isiqalo kanye nesiqu saleli bizo.

12. Bhala isifinyezo segama elibhalwe ngokugqamile emgqeni wesi-8.

13. Nikeza igama eliphikisa elithi: **intsha**

14. Guqula le nkulumbo-mbiko uyenze inkulo-ngqo : Umphathi wohlelo uthe abantu abehlise umsindo ukuze bezwe iculo.

